



Amaqanda achamusela amacimbi amancane.


Sawanikeza amahlamvu kamalibhele.





Akhula aba makhulu futhi aya ngokukhuluphala.


Amacimbi akha imifece kasilika.





Ngaphakathi kwemifece amacimbi ashintsha aba ngamabhu.

Abanye abantu bawafuya ngenhloso ethize amacimbi kasilika.





Ezweni laseChina bagcina izinkulungwane zalolu hlobo lwecimbi.

Benza izindwangu
zikasilika ngemifece yawo.



